# uSizwe wakwaKhumalo-Seegelken

eKhaya eOldenburg eJalimane

28.03.**2026**

**SIYAHLAWULA SILOBOLE KWAMDLETSHE**

Ngithuma uMkhongi
kwelaseMahlabathini, phezu kweMfolozi-eMnyama,
eMdletsheni
ozoyongihlawulela angilobolele
le ntombi ezala oNokwethemba noZodwa,
**umkami uNtinginono kaNongqayi, uKaMdletshe**.

UMkhongi usuka namuhla KwaMachanca, afike eMdletsheni ngoMgqibelo, 11.04.2026.

Uyongihlawulela ngenkomazi yoMzilikazi kaMashobana esiyikhipha esibayeni sakwethu eKhaya KwaMachanca – **inkomazi emaqandakawayiba, emisé yaqethuka kuhle kwabafazi bephik' icala**



*i*

- Uyobe uqhubé kahle kakhulu uMkhongi uma engangibuyela nethemba lokuthi abasekhweni bazimisele ukuzwa ukuthi uMkhongi **ufika nini futhi** esezocela ukulobola.

Ngethemba ukuthi uMkhongi uyobuya nezwi elingikhuthazayo ukuthi ngimthume masinya, ayongilobolela maduze-nje ekhweni lami eMdletsheni. Lapho-ke kungaba uMgqibelo elandelayo, **18.04.2026**, lapho, afike eqhuba okungenani ezintathu ayongilobolela ngazo.

Ngiyojabula, ukuthola elivela ekhweni kulokho engikuhlongozayo ukuze **uMkhongi aqale khona namuhla-nje** azilungiselele.

Siyakhonza!

**nguSizwe** kaJonatani uMkhulunyelwa noNdindi uMaZungu bakwaKhumalo eBaQulusini [**1954-1994**]

**>>THINA bozalo luka*Jonatani* uMkhulunyelwa noNdindi u*MaZungu* bakwaKHUMALO eBaQulusini**

28.03.**2026**